P.O. Box 22910
Gayridge
Margate 4275
KwaZulu-Natal
Tel: + 27 39 317 2761
Fax: + 27 39 317 2945
E-mail: admin@gcf.org.za
Website: **www.gcf.org.za**
REG NO: IT 5570/1992/PMB
NPO NO:004-524

THE FEVER: FYI COLUMN-

Issue 9 (Zulu)- 21 May

Imithetho kanye nemigomo emihle neqondile

Enye yezindawo enezinselelo ekubeni umzali oqotho ukwazi umehluko phakathi kokuqeqesha nokujezisa. Incazelo ngokujezisa ithi: ukubhekana nenkinga seyenzekile, imiphumela ibekwa abantu abadala, ilawula ingaphandle, kusetshenziswa ubuhlungu noma isihluku ivamise ukusebenzisa amandla .

Kanti incazelo ngokuqeqesha ithi: ukufunda, noma indlela lapho abantu befunda khona ukuthi yini eyamukelekile; indlela esetshenziswayo iyasiza ekwakheni ubuyena obuqotho, hayi ukujezisa nje ngoba wephule umthetho; igqugquzela umuntu ukuba abe isibonelo esihle emphakathini; indlela enezinselelo nenikeza ithuba lokusiza izingane zifunde; isiza izingane ukuba zakhe isimilo esihle futhi zifunde ukuzimela; ziqeqesheke zibe isibonelo esihle.

Enye indlela yokuchaza ukuqeqesha" ukufundisa okulungisayo"

Lezincazelo ziveza ukuthi ukuqeqesha akwenziwa enganeni, kodwa kwenzelwa ingane. Into ebhekwayo ukuthi ngabe inakhono lini ingane, kunokubona ingane njengomuntu oyinkinga.

Bheka ukuthi ingane ingaba yini kusasa kunokubheka lokho ekwenzayo manje.

Ukuqeqesha kuqala ngokuthi ubeneMITHETHO kanye NAMASU AMAHLE, NACACILE.

Ubani obeka imithetho nemiphumela uma imithetho yephuliwe?

Njengabazali kufanele imithetho ibekwe inina, kodwa kunezikhathi lapho kuzofuneka nezingane zibe ingxenye ikakhulu uma iminyaka yazo ivuma. Yonke imithetho kufanele kukhulunywe ngayo futhi icaciswe ezinganeni ukuqinisekisa ukuthi ziyayiqonda.

Imithetho kufanele icace futhi iqonde; kufanele yenze umqondo kulabo abazoyilandela, nakulabo abazoqinisekisa ukuthi iyalandelwa. Kufanele ubeke ngokusobala ukuthi yini eyamukelekile nengamukelekanga, nokuthi uma imithetho yephuliwe kuzobakhona imiphumela kulabo abayephulile ngokweminyaka yabo yobudala.

Sonke siyazi ukuthi ukuqeqesha kuyadingeka, kodwa ubani ekufanele akwenze futhi ngasiphi isikhathi? Umuntu omdala ohlezi nezingane ngesikhathi kwenzeka isigameko noma kwephulwa umthetho kufanelele aqeqeshe ingane. Angeke ulinde omunye umuntu, umlingane wakho, noma umzali wengane aze abuye emsebenzini ntambama bese aqeqeshe leyongane. Yingakho kubalulekile ukuthi sishiye izingane zethu nabantu esibaziyo futhi esibethembayo. Kubalulekile futhi ukuthi bazi uhlobo lokuqeqesha ekufanele balusebenzise nokuthi balusebenzisela eziphi izizathu.

Ukwazi ukuthi ubani owenzani kungasisiza kakhulu uma sihlela into esifuna ukuyenza. Kuyasiza ekuphenduleni imibuzo efana nale: ingabe kufanele ngithathe isinqumo besengiyasilandela njengamanje? Ingabe kungcono ukuyeka izinto ngalendlela eziyiyo njengamanje? Noma kuzongisiza ukulinda ngithathe isinyathelo uma izingane kukhona ezikwenzayo okungamukelekile?

Indlela esiqeqesha ngayo singayifunda ngokuthi sisebenzise into ebizwa ngokuthi isiyingi sokuqeqesha, okuyizigaba ezilula ezinhlanu ezisikhombisa ukuthi yini ekumele siyenze ukuze izingane zethu zithole lokho ezikudingayo.

Ungaphuthwa ushicilelo lwenyanga ezaya lapho sizobe sikhuluma kabanzi ngezigaba ezinhlanu zokuqeqesha ngokupheleleyo.

Uma kwenzeka uphuthelwa yilolushicilelo ungaya kulelikheli www.gcf.org.za noma www.southcoastfever.co.za